

Sondela KuNkulunkulu Ngomthandazo

(Ingxenye 3)

Isekelwe esahlukweni 17 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, uhlole nalokho okufundiswa iBhayibheli, ubone ukuthi ungabachazela kanjani abanye lokho okukholelwayo.



INGABE UNKULUNKULU UYIPHENDULA NGEMPELA IMITHANDAZO YETHU?



1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye bengase bathi yebo?

Kungani abanye bengase bathi cha?

Yini wena oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

2

HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

UNkulunkulu uyiphendula ngezindlela ezihlukahlukene imithandazo yethu. (Bheka isahluko 17 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 16-18.)

Funda izAga 12:25; Hebheru 1:13, 14; Jakobe 2:16.

UJehova angazisebenzisa kanjani izingelosi nabafowethu esinabo ebandleni ukuze aphenandle imithandazo yethu?

Funda eyesi-2 Korinte 4:7.

Yini uJehova angasinika yona engasisiza sikwazi ukubhekana nezinkinga esizithandazelayo?



Ubaba ohlakaniphile ukhetha isikhathi esikahle sokunika izingane zakhe izinto ezizidingayo. Ngokufanayo, uJehova ukhetha isikhathi esikahle sokuphendula imithandazo yethu

Kufanele singayeki ukuthandaza, sibe nokholo lokuthi uJehova uzosiphendula ngendlela efanele.

(Bheka isahluko 17 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 19-20.)

Funda uLuka 11:5-10.

Kungani kumelwe singayeki ukuthandaza, ngisho noma sibona sengathi uJehova uyephuza ukusiphendula?

Funda eyabaseFilipi 4:13.

Uma uJehova ekhetha ukungayisusi inkinga esiyithandazelayo, iziphi ezinye izindlela angaphendula ngayo imithandazo yethu?

Iziphi izindlela uJehova aphenndule ngayo imithandazo *yakho*? Nikeza izibonelo.

3

CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

UNkulunkulu akanandaba nathi, ngeke azihluphe ngokuphendula imithandazo yethu.

UNGASE UTHI . . .

Kuyadabukisa ukuthi abantu abaningi bazizwa kanjalo. Kodwa ngiye ngathola lo mBhalo ududuza . . .

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

UMA UMUNTU ETHI . . .

UNkulunkulu unamandla akho konke, ngakho kufanele ayiphendule ngokushesha imithandazo yethu.

UNGASE UTHI . . .

Umbono ovamile lowo, kodwa cabanga ngalokhu . . .

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?
